


HILLCREST HIGH SCHOOL

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (PIII)

MEYI/JUNI 2019



IBANGA LE-11

GRADE 11

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-6

SEKUNGAWE MFUNDI !!!

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehukaniswe iziqephu EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa umyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa umyalezi (20)
2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A , OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.
3. Phendula imibuzo ngesiZulu.
4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa.
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.
9. Ohlolwayo makaqaphelise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU: INDABA

UMBUZO 1


1. Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama -190 kuya emagameni angama – 240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube ngaphambi kwendaba ekhasini lwalo lodwa.

- 1.1 Mhla Ngilinde Imiphumela Yami.
1.2 Kwangisiza Ukukhuluma Iqiniso. [50]
1.3 Zonke Izinhlanga Kufanele Zithole Imfundo Yamahhala [50]
1.4 Ubuhle Nobubi Bokufunda Ezikoleni Zobulili Obubodwa. [50]
1.5 Ubuchwepheshe Buyimbangela Yokwehla Kwemisebenzi. [50]

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso indaba. Nikeza indaba yakho isihloko.

1.6.1



[icashunwe ku-www.novadevelopment.com]

[50]

1.6.2



[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOMSEBENZI/ESEMTHEHWENI

Mukhulu umonakalo odalwe izikhukhula ekupheleni kukaMbasu. Imindeni emphakathini wakini isale dengwane. Bhalela ikhansela langakini ulibonge ngomsebenzi omuhle elinenzele wona. [30]

2.2 UMLANDO NGOMUFI

Umalume wakho omdala ushone ngokukhulu ukuzuma ngezikhukhula. Umalumekazi wakho ukucele ukuba umlekele abhale umlando wakhe oyofundwa ngosuku lomgcwabo. Bhala UMLANDO NGOMUFI. [30]

2.3 UMBIKO

Ngesikhathi isikole sakho sibhekene neRichards Bay High kube nokungaboni ngaso linye phakathi kwabadlali nonompempe. Bhala UMBIKO uchazele uMnu. Givirn ngokwenzekile. [30]

2.4 INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO

Umngane wakho unolwazi olukhulu ngokuntshontswa komakhalekhukhwini esikoleni kodwa akafuni ukutshela uMnu. Panday ngalokhu. Bhala INGXOXO phakathi kwakho naye umbonisa ngokubaluleka kokubika lokhu. [30]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

3. Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 ISIKHANGISI

Uphiko lwesiZulu luzimisele ukuhlela umcimbi wasebusuku wokugubha amasiko esintu (IsiZulu Evening). Ucelwe uMnu. Ndebele ukuba ubhale iphosta ezonanyathiselwa ezindongeni ikhangisa lo mcimbi. Bhala ISIKHANGISO. [20]

3.2 IPHOSIKHADI

Kulawa maholide nihlele ukuvakashela umalume wenu ohlala phesheya kwezilwandle. Kunemininingwane ethe ukushitsha eqondene nosuku lokufika nabantu ozohamba nabo. Bhalela umalume wakho IPHOSIKHADI umazise ngalezi zinguquko. [20]

3.3 IMIYALELO

Umngane wakho enanifunda naye ibanga lesi-9 uzobe evakashelwe ngabangani bakhe. Ukucele ukuba umsize ngeResiphi yesishebo senkomo azosiphekela abangani. Bhala IRESIPHI. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100